**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMBUTHANWENI WEZOKUTHUTHA EVRYHEID NGOMHLAKA 30 OCTOBER 2007**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Sekuyisiko kulo Mnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ukuthi uhlale sibika emphakathini wonkana, ngokusebenzisa izinhlaka ezahlukene, mayelana namagalelo enziwe ngonyaka wezimali odlule nokubheka izinhlelo zonyaka wezimali wangaleso sikhathi.

- Yingakho kungijabulisa ukuthi namhlanje sethula umbiko embuthanweni wezokuthutha weshumi nambili. Lapha sibika ngezinto ezazivezwe embuthanweni wango-October 2006. Sifuna futhi ukuhlonipha izinhlaka esisebenza nazo ngamagalelo eziwenzayo kanye nabasebenzi bethu abakhombise ukuzikhandla ngokwedlulele emsebenzini wokulethwa kwezidingo.

- Embuthanweni wanyakenye kwaba nezinto ezivelayo kulokhu:
- Indebe yoMhlaba ka2010;
- Ukuhlela ingqalasizinda;
- Ezokuphepha emgwaqeni;
- Ezokuthutha umphakathi.

- Njengoba sazi sonke ukuthi u-2010 ususemnyango, kuyajabulisa ukumemezela ukuthi uMnyango uzobamba iqhaza ube uqinisekisa kodwa ukuthi umsebenzi ongumgogodla woMnyango uhlale ubekwe phambili ungaphazamiseki. Abe-Road Traffic Inspectorate nePublic Transport Enforcement Unit sebenze uhlelo oluqinile lokubhekelela iNdebe yoMhlaba ka-2010.

- Mayelana nengqalasizinda yomgwaqo, uMnyango usuhlele kahle ukusebenza kwesabelomali sika 2007/08 ngendlela ezoqinisekisa ukuthi kubakhona izimali ngo-2007/08 no-2008/09 zokuhlelela imigwaqo edingeka eduze kweDube Trade Port nesikhumulo sezindiza esisha.

- Unyaka wezimali ka-2006/07 usifundisile njengoMnyango ukuthi kumele siqinise izinhlelo zokufundisa nokuqwashisa ngokuphepha emgwaqeni, sibe siqhubeka futhi noqinisa ingalo yomthetho. Izingozi emigwaqeni, ikakhulukazi ukwenyuka kwesibalo sabahamba ngezinyawo abafayo, yizinto ezisikhathaza kakhulu.

- Uma u-79% wabafundi uhamba ngezinyawo uma uya esikoleni nabasebenzi abangu-18% esifundazweni behamba ngezinyawo, uMnyango awukwazi ukwenza okunye kodwa kumele uhlangane nemiphakathi kufundiswane ngokuphepha emgwaqeni kube kuqiniswa futhi nesandla somthetho. Yingakho lo nyaka ka-2007 siwunikele kwabahamba ngezinyawo.

- Ngonyaka odlule siqinise kakhulu ukubandakanywa komphakathi ezinhlelweni zoMnyango. Kuyintokozo ukuthi ngibike ngenqubekela phambili kwezokuthuthwa komphakathi mayelana nalokhu. Imboni yamabhasi manje isingehlelekile kulandela ukubunjwa kweKwaZulu-Natal Bus Council (KWANABUCO).

- Ngaphandle kwalokho, nabagibeli sebenezwi kulesi fundazwe. Ukusungulwa kososeshini okwamenyezelwa enkulumweni yesabelomali sika-2006 sekufezekile. Sisanda kuphothula uhlelo lapho sisungule isakhiwo sesifundazwe esimele zonke izifunda.

- Unyaka odlule uze nomfutho ekuqhubeni uhlelo lweTaxi Recapitalization njengokuyalela koMnyango wezokuThutha kuzwelonke. Mangisho ukuthi ngoDecember 2006, uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal wethula ngokomthetho izimoto ezintsha kwaqala nokufohlozwa kwezindala. Kunenqubekela phambili futhi nasekuguqulweni kwezimvume.

- UMnyango uzibophezele ngokugqugquzela ukuhamba ngezinto ezingadumi iNon-Motorized Transport. Ngonyaka wezimali ka-2006/07, kunamabhayisekili anikelwe uMnyango ngokubambisana ne-Airport Company of South Africa (ACSA) ezikoleni zasemakhaya. Sinethemba lokuthi iNon-Motorized Transport izokuba indlela yokuphila kubantu bakithi futhi ibe yingxenye yezinhlelo zethu kwezokuThutha.

- Ukuhambela kwethu eCuritiba eBrazil kwasinika amasu okuqinisa impi yethu yokulwa nobubha. Uhlelo lwaseCuritiba lokuqoqa imfucuza bese ishintshaniswe ngokudla, lubizwa ngokuthi udoti ongewona udoti, (Garbage that is not Garbage). Lwabonakala lungaba yimpumelelo ekulweni nobubha kuleli lizwe. Lolu hlelo lwemukelwa nayiKhabhinethi yesifundazwe noMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi kuzwelonke.

- Kumele siziqhenye ngokuthi ngonyaka wezimali odlule, bangaphezulu kuka-32 076 osonkontileka bakaZibambele abese beqashiwe emindenini ehlwempu yasemakhaya. Kusungulwe amaqembu okonga oZibambele Saving Clubs abangu-912, abonge ngaphezulu kuka-R6.6 million.

- UMnyango uhlonishwa kakhulu ngalolu hlelo. Sikhuluma nje selusabalaliswa izwe lonke, kanti lusanda kunconywa njengoluhamba phambili emisebenzini ye-EPWP emcimbini kaNgqongqoshe wezemiSebenzi yoMphakathi ngoDecember 2006.

- Kulo mhlangano, uMnyango uzohlonipha izinhlaka esibambisene nazo ezisebenze ngokuzikhandla emikhakheni ehlukene. Siyazi ukuthi izinhlaka esisebenzisana nazo ziyingxenye ebalulekile ekutheni uMnyango uhlangabezane nemigomo yawo, ngalokho-ke kudingeka sibahloniphe ngendlela ebafanele labo abasebenze kahle.

- UMnyango uyaziqhenya futhi ngabasebenzi bawo okuyibona abawukhiye ekutheni uMnyango uhambe kahle uphumelele ukufeza imigomo yawo. Emizamweni yokukhuthaza ukuzikhandla ekusebenzeleni umphakathi, uMnyango ususungule uhlelo lweService Excellence Award System kubasebenzi bawo.

- Lolu hlelo luzosetshenziswa ukuhlonipha abasebenzi boMnyango abakhombisa ukuzikhandla ekusebenzeleni umphakathi.

- Izinhloso zalolu hlelo yilezi:
- Ukuqhakambisa impumelelo nomnikelo wabasebenzi ekwenzeni ngcono imisebenzi yomphakathi;
- Ukuklomelisa umuntu owenza umsebenzi ngokwedlulele kunalokho okulindelwe amakhasimende noMnyango, mayelana nezinga nesivinini sokuletha usizo;
- Ukuhlonipha lezo zenzo ezibonakala zidinga ukuhlonishwa;
- Ukuveza ukuthi kungakanani ukuzikhandla nokwenza ngcono umsebenzi eMnyangweni.

- UMnyango uqalise ngohlelo lokwenza iWhite Paper yenqubomgomo kwezokuThutha ngo-2005. Izinto ezidale ukuthi kwenziwe lolo hlelo yilezi:

- **Izidingo zoMthethosisekelo:** Umthethosisekelo unika isifundazwe amandla okushaya imithetho ezintweni ezahlukene kwezokuthutha ezithinta omasipala

- **I-National Land Transport Transition Act:** Lo mthetho uyalela isifundazwe ukuthi sakhe inqubomgomo yezokuthutha yesifundazwe ehambisana neWhite Paper kazwelonke, kube yiyona ezolawula omasipala kuyo yonke imikhakha yezokuthutha.

- **I-Intergovernmental Framework Relations Act:** Ukuze siqinisekise ukulethwa kwezidingo ngendlela edidiyele, kubalulekile ukuthi isifundazwe sizibekele inqubomgomo mayelana neqhaza nemisebenzi okumele yenziwe kwezokuthutha.

- **Izimali:** Ukungabi nemali eyanele kwezokuthutha kuhlale kudinga amasu amasha noma kokunye kube yimigomo eqinile.

- Enye into eyenza kubaluleke ukwenza le nqubomgomo ngukuthi uma ingekho kungaba nalo mphumela:
  - Ukuba nenhlakanhlaka yemigomo edala ukudideka;
  - Ukungabambisani kahle kwezigaba zikahulumeni okudonsela emuva ukulethwa kwezidingo nentuthuko;
  - Ukuphelelwa amasu okwenza eminye imigomo – ngenkathi kwenziwa imigomo eminingi kwehla namathuba okwenza eminye emisha;
  - Ukushoda kwemali okukhinyabeza isabelomali sesifundazwe.

- I-White Paper izogxila kule mikhakha:

1. Ukuhlela, ukuxhumana nokuxoxisana
2. Ukufukulwa nokwakhiwa kwemisebenzi
3. Ingqalasizinda yezokuthutha

4. Ukulawulwa kwezomgwaqo nezokuphepha emgwaqeni
5. Izithuthi zomphakathi
6. Izithuthi zempahla

- Embuthanweni wanyakenye kwethulwa uhlelo lokubonisana, iBrown Paper, oluwumphumela womsebenzi esesiwenzile kuze kube manje. Kusukela kulowo mhlangano, sekwenziwe izinhlelo ezahlukene zokubonisana neminye iminyango yesifundazwe, omasipala, ososeshini nezinye izinhlaka ezisemkhakheni wezokuthutha.

- Lezi zingxoxo sezenze kwakheka iGreen Paper, okumanje isikhishiwe ukuze kuboniswane ngayo. Konke ukuphawula okuzotholakala ngale Green Paper kuzocutshungulwa ukuze kwakhiwe iWhite Paper yenqubomgomo yezokuThutha.

- Ekugcineni, ngithanda ukuthatha leli thuba ngibonge uMnyango wami ngaphansi kobuholi bukaMnuz Chris Hlabisa kanye nezithunywa zonke, ikakhulu Amakhosi, amaLungu ePhalamende, iziMeya nabo bonke ababambe iqhaza kulo mbuthano we-Transport Indaba yeshumi nambili.

**Ngiyabonga.**